

IZIGI

THE OFFICIAL NEWSLETTER OF SAFDA
AUGUST - OCTOBER 2022

ZABALIMI



RV PRICE JULY 2022: R5 837,58 (An increase of R175,19 vs JUNE 2022). D Factor 0,469088

PG
4-7

I-SAFDA ikhiphe imiklomo kubalimi abenze kahle



PG
9-10

Ukungenelela kwe-SAFDA kulethe uxhaso olukhulu lukamanyolo oluvela kuhulumeni



PG
11-12

Usizo lokuthuthukisa izindawo zokunisela zabalimi abasathuthuka eMpumalanga



PG
8-9

Lizwakele izwi labalimi bomoba kwabasephalamende



CONTENTS



3

Umyalezo ka 2023 ovela kusihlalo wenhlangano ka-SAFDA

4-7

I-SAFDA ikhiphe imiklomo kubalimi abenze kahle

8-10

Ukungenelela kwe-SAFDA kulethe uxhaso olukhulu lukamanyolo oluvela kuhulumeni

11-12

Usizo lokuthuthukisa izindawo zokunisela zabalimi abasathuthuka eMpumalanga

13-15

Lizwakele izwi labalimi bomoba kwabasephalamende

16-17

Ungqongqoshe uthoko didiza ubambe imbizo nabalimi basejozini

18-19

Kubungazwe ukusungulwa kwe-Black Agricultural Commodities Federation

UMYALEZO KA 2023 OVELA KUSIHLALO WENHLANGANO KA-SAFDA

Uma sibheka emuva onyakeni odlule ka 2022, kube unyaka engingawubiza njengonyaka wokululama nokuvuswa kwamabhezini amaningi. Kube unyaka omuhle futhi obumatasa enhlanganweni yethu njengoba besizama ukululama ngemuva kwe-Covid-19, Izibhedu-bhedu ezinodlame zika Julayi 2021, Izikhukhula nezinkinga zomnotho ezilokhu zihlasele umhlaba wonke. Njengenhlangano sikwazile ukuletha usizo olukhulu kubalimi bethu ngonyaka odlule ngohlelo lwama-FPSU. Ngolwasemzini, ama-**Farmer Production Support Units (FPSUs)** izikhungo esizilethela imiphakathi yasemakhaya eyenza umsebenzi wezolimo ngenhloso yokusiza abalimi ukuthi bakhiqize, balande futhi bagcine imikhiqizo yabo ukuze idayiswe ezimakethe ezisondelene nemiphakathi yabo.



Dr Siyabonga Madlala
Executive Chairman

Ngonyaka odlule sithenge saphinde sathumela imishini yama-FPSU kuzo zonke izikhungo eziyisithupha zama-FPSU, okuyimanje ziyasebenza futhi ziletha usizo olukhulu kubalimi. Siphinde savakashela izwe laseNdiya okungenye yemizamo yethu njengenhlangano yokuba nemill okungeyabalimi baseJozini ezosiza abalimi banciphise izindleko zokuthutha umoba eziphezulu. Kunamaphrojekthi ambalwa amakhulu esikwazile ukuwaphothula ngempumelelo futhi sawanikeza abalimi bethu. Maningi kakhulu amanye amaphrojekthi abenomthelela omuhle njengokuthunyelwa komanyolo kubalimi bethu eSezela naseMfolozi esiwuthole kwi-KZN Department of

Economic Development, Tourism and Environmental Affairs (EDTEA) efike ku R4 million. Ngaphambi kokuvala unyaka odlule, simemezele izindaba ezinhle kubalimi bethu eMpumalanga zokuthi i-Department of Agriculture, Land Reform and Rural Development igunyaze uxhaso lwezimali lomanyolo olulinganiselwa ku R42 232 600 kubalimi abasathuthuka okuyingxenywe yemizamo kahulumeni yokusiza abalimi abakuthola kunzima ukuthenga umanyolo.

Ngalonyaka omusha siyathembisa ukuthi sizolethe usizo olwengeziwe oluzosiza abalimi, njengoxhaso lwamanyolo olutholwe abalimi bethu baseMpumalanga,

nokuxhaso lwezimali oluzosiza abalimi bethu ngesikhathi sokutshala. Silindele ukuqala ukwakha izikhungo zama-FPSU, okuyizindaba ezinhle kwimishini kashukela njengoba sihlose ukwakhela nabalimi bethu. Sinamaphrojekthi amaningi ami ngomumo azohlomulisa abalimi bethu. Asithandazele ukuthi unyaka ka 2023 uzoqhubeka nokuletha izindaba ezinhle kubalimi bethu, ukuze sizoqhubeka nokukhulisa futhi senze lemboni izinze. Njengo Sihlalo Omkhulu we-SAFDA, ngifisela bonke abalimi bethu, nalabo esibambisene nabo kulomkhakha okuhle kodwa, unyaka onezibusiso nempumelelo.

I-SAFDA IKHIPHE IMIKLOMELO KUBALIMI ABENZE KAHLE



Bekuwubusuku bobukhazikhazi abalimi bethu begqoke kahle bebukeka njengosaziwayo base-Hollywood befake amasudu amnyama nothayi ngesikhathi kusingathwe umcimbi wokuklomelela abalimi Emga'nwini Cultural Kraal, eMangweni eMpumalanga. Wonke umlimi obeyingxanye yalomcimbi uhambe ezuze okuthile njengoba akekho ohambe engaphethe lutho esandleni.

Lama-awards abethanyelwe abantu abaqoqiwe ezigabeni ezahlukene zama-awards, iningi labo obekungabalimi nabasebenza kuwona umkhakha wezolimo, ithimba labaphathi bakwa-SAFDA, amalungu e-CEC ye-SAFDA, izihambeli zikahulumeni nezicukuthwane ezivela embonini yezolimo. Lama-awards abehlelwe ngokubheka umsebenzi owenziwe abalimi esisebenzisane nabo nge-season ka 2020-21. Inhloso enkulu bewukuklomelela nokubungaza labo abenza umsebenzi wokulima osezingeni

eliphezulu, ukuze bakhuthale futhi baqhubeka nokwenza umsebenzi omuhle. Lomcimbi uphinde wasinikeza ithuba lokubonga labo esibambisene nabo kulomkhakha nalabo abasilethela usizo futhi abadlala indima emsebenzini owenziwa i-SAFDA wokusiza abalimi abasathuthuka. Lomcimbi wenze sakwazi nokubungaza izinhlangano nabantu abayingxanye yokutshalwa komoba futhi abaxhasa amabhizinisi abalimi.

Lomcimbi uzokwenziwa minyaka yonke, lapho kuzokufakwa khona zonke izigaba njengoba nge-season yokutshala ka 2022-21 bekugxilwe ekutshalweni komoba, abalimi abamnyama abasathuthuka nalabo abangaphansi kohlelo lokubuyiselwa komhlaba kwizifunda ezimbili ezikhiqiza ushukela KwaZulu-Natali naseMpumalanga.

Ngezansi kukhona uhlu lwabanqobile nalabo abebekhethiwe ezigabeni ezahlukene:







ISIGABA	ABEBEKHETHIWE	MILL AREA	ABANQOBILE
Best female farmer	1. Thandi Mkhathshwa 2. Thandazile Nyandeni 3. Nokuthula Nhlambo	Komati Amatikulu Komati	Thandi Mkhathshwa
Best young farmer	1. Lindelani Maphumulo 2. Nobela Mlamuli 3. Khohlwangifile Mbonambi, 4. Mongezi Ntuli	Komati Mgungundlovu Mlalazi	Mongezi Ntuli
Best Grower Leader	Mzwemali Thusi, Mazwi Simelane, Earnest Mashabane	Noodsberg, Makhathini, Komati	Mazwi Simelane
Best supporting SAFDA employee	1. Bulisa Ngubane 2. Mesuli Ncanana 3. Brain Shongwe 4. Sboniso Mngomezulu	Darnall/Maidstone, Amatikulu, Koamti/ Malelane	Sboniso Mngomezulu and Brian Shongwe
Best Contractor	1. Fosi Colbert Bhila 2. Bonginkosi Francis 3. Mamajiya Trading and Project	Komati Maidstone Noordsberg	Bonginkosi Francis Ngcobo
Best Farm Supplier	1. Shaks Rampersad 2. Sabelo Kunene 3. Blake Phillips 4. Bharathi Saib		1. Peter Tractors 2. Sabelo kunene 3. Blake Phillips 4. Bharathi Saib
Best Mill Area Committee	1. G.S Mthembu 2. E Mashabane 3. Mncwango	Mqobokazi Komati Felixton	Mnqobokazi
Best New Farmer	1. Noxolo Magagule 2. Nobela Mlamuli 3. Mlindeleni Blose	Noordsberg Komati Felixton Maidstone	Nobela Mlamuli
Best Small-Scale Farmer	1. Thandazile Ngcobo 2. Boy Mandlanzi 3. Mafidi Zikhali	Sezela (Zamani) Nkomazi (Walda) Umfolozi (Mnqobokazi)	Boy Moses Mandlanze
Best Land Reform Farmer	Bheki Mhlana, Moses Gumede, George Sambo	Sezela, Amatikulu, Mpumalanga	Bheki Mhlana
Best Large-Scale Farmer	1.Moses Gumede 2.Sboniso Gumede	Amatikulu Noordsberg	Sboniso Gumede
Best Supporting Commercial Farmer	1. Vince Drew 2. Marc Dunlop 3. Andre Senekal		Vince Drew, Marc Dunlop, Andre Senekal
Best project	1. Mkuze rail siding 2. Vukusebente 3. Bulk water supply	1. Makhathini 2. Komati 3. Komati	Mkuze rail siding
Farmer of the Year Overall	1. Boy Mandlanzi		Boy Mandlanzi

UKUNGENELELA KWE-SAFDA KULETHE UXHASO OLUKHULU LUKAMANYOLO OLUVELA KUHULUMENI

UNgqongqoshe we-Agriculture, Land Reform and Rural Development, UThoko Didiza, unikele ngomanyolo wenani elibalelwa ku R42 232 600 kubalimi abasathuthuka baseMpumalanga abangu 1 400 njengengxenywe yemizamo kahulumeni yokusiza abalimi abahlulekayo ukuthenga umanyolo ngenxa yamanani awo aphezulu okuwumphumela wezimpi ezikhona phakathi kwe-Russia ne-Ukraine. Ngokujwayelekile abalimi bonga imali eyanele ukuze makufika isikhathi sokutshala bathenge ngayo umanyolo, kodwa kulonyaka imali abebeyibekile ibinganele okudale ukuthi uhulumeni

wakuleli angenelele ngemuva kokuba inhlango ye-South African Farmers Development Association (SAFDA) ifake isicelo sosizo kuhulumeni ukuze kusizale abalimi abasathuthuka ngomanyolo.

Into eyandisa izindleko kakhulu kubalimi abasathuthuka umanyolo (okuyiwona othatha u-15 kuya ku 18% wezindleko zokwenza umkhiqizo), kanti uma umanyolo ungafakwanga ngokwanele noma ngesikhathi esifanele ngenxa yamanani aphezulu wokuwuthenga, lokhu kuba nomthelela omubi kwizitshalo ngoba azibi sezingeni elihle. Lokhu sekube inselelo enkulu isikhathi eside kubalimi

njengoba ama-SSGs akhokha kakhulu ngesaka lilodwa uma kuqhathaniswa nabalimi asebemkatshubomvu kanye namabhizinisi amakhulu ngoba labalimi bathenga umkhawu omncane. Lesimo sibe sibi kakhulu kulezinyanga ezingu-36 ezedlule njengoba amanani kamanyolo enyuke kathathu kulesikhathi ngenxa yesimo somnotho esibhekene nomhlaba wonke. Umthelela omubi wehlela kubalimi njengoba kufanele beqale phansi batshale kabusha izikhathi eziningi okunomthelela omubi kumkhiqizo. Amanani kamanyolo asenyuke kakhulu njengoba sibona ngezansi:



- Inani likamanyolo ngethani ngalinye lika 5-1-5 (45) ngo 2019 beliwu R6 800/ton
- Inani likamanyolo ngethani ngalinye lika 5-1-5 (45) ngo 2022 beliwu R17 120/ton




I-SAFDA ifake isicelo ku DLARDD ukuthi kusizwe abalimi ngaleligebe lokunyuka kwezindleko zomanyolo. Lezimali ezilandelayo zizosiza abalimi abangaphezulu kuka 1 432 kuma-hectare abalelwa ku 9 481 eMalelane naseKomati ngaphansi koMasipala we-Nkomazi.

ITEMS	TARGETS
Inombolo yabalimi	1 432
Ama-hectares azotshalwa kabusha (ngomanyolo)	9 481
Izikhwama zomanyolo	50 505 Bags at 5 Bags/ha (Top dressing)
IZINDLEKO SEZIHLANGANISIWE	R43 232 600

Njengoba kunezinselelo ezilethwe i-Covid-19, abalimi abasathuthuka bazithola besenkingeni, njengoba izindlela zabo zokwenza imali ezahlukeni zingasahambi kahle. Abalimi njengamanje basebenzisa inzuzo abayithola ngezitshalo zabo ukuthenga ukudla nezinye izidingo ezimqoka zasemakhaya, okwenza banciphise imali abayisebenzisa emsebenzini wabo wokutshala. Umthelela we-COVID 19 kwezothutho nezimpi zamazwe phakathi kwe-Russia ne -Ukraine sekudale ukunyuka kwamanani ngokweqile. Lezingqinamba ezenzekayo sezidale ukuthi imindeneni yasemakhaya ingakwazi ukuzondla, kungasabalwa umthelela omubi owenzeka kwizitshalo zabo. Ukunikeza umanyolo wamahhala, amakhemikhali nemali yokukhokhelwa kwabasebenzi kuzosindisa izitshalo ezikhona njengoba kuyisikhathi esinzima sokukhulisa izitshalo.

Lezigezameko ezimbili ezingaphezulu zibe nomthelela omkhulu kumanani kamanyolo njengoba kubonakala kule-graph engezansi.



USIZO LOKUTHUTHUKISA IZINDAWO ZOKUNISELA ZABALIMI ABASATHUTHUKA EMPUMALANGAA



Ama-SSGs aseNkomazi ezindaweni zama-Mill aseKomati naseMalalane asebenzisa imali elinganiselwa ku R82 million ngonyaka ukuze enze imisebenzi yokunisela nokunakekela ama irrigation schemes. Lemali ilinganiselwa ku 20% wemali yenzuzo okwenza kubenzima ukutshala imali eyanele yokuthuthukisa lama-schemes. Izona lezizathu ezenze i-SAFDA yaxhumana ne-Department of Agriculture, Land Reform and Rural Development (DALRRD) ngenhloso yokuthola uxhaso lwezinsiza zokunisela ukuze kuvuselelwe imishini

yokunisela yalamaphrojekthi. Usizo lokuqala lomnyango olulethele abalimi bomoba base-Nkomazi kube izimpahla zokunisela (amapayipi, ama-connectors, ama-pump, izinto zokuchela neminye imishini yokunisela). Loluxhaso lufike ngohlelo olusanda kugunyazwa lwe-Malelane/Nkomati Farmer Production Support Unit (FPSU) lwemali engu R5 000 000.

UMnyango usuphinde wagunyaza imali yoxhaso ezosiza ekuthuthukiseni ama-FPSU aseMalelane naseKomati azokwenza

umehluko kumasimu ngohlelo lokwakhiwa kwesikhungo semishini nedepho kaphethilomu nodizili. Lemali izophinde isetshenziswe ukuthuthukisa izinhlelo nemishini yokunisela ngesikhathi izindawo zokugcina umkhiqizo namahhovisi kusalungiswa. Okokugcina, loluxhaso luzokwakha isikhungo sokuqeqesha kwi-FPSU kubalimi abayingxenywe yohlelo lwe-NARYSEC. Abalimi abangaphansi kohlelo lwe-NARYSEC bazongena ohlelweni lwama-FPSU asetshenziswa emkhakheni ehlukeni



yezolimo oluphathelele nomkhiqizo kamoba. Imali isiyonke egunyaziwe ukuthi isize ama-SSGs alungise izindawo zokunisela ingaphezulu kancane kuka R75 million. Lemali yoxhaso izosetshenziswa ezindaweni zaseMalelane naseKomati lapho kuzobhekelelwa amaprojekthi ama-SSG amaningi. Lokhu kuzohambisana nocwaningo olwenziwe ezindaweni zokunisela zabalimi.

Uhlelo lokulungiswa kwalezindawo zokunisela luqale ngo Ephreli 2022 lapho onjiniyela bezolimo nosayensi abaqashwe umnyango beqale khona ukuhlela umsebenzi ozokwenziwa. Imisebenzi ezokwenziwa ohlelweni lokulungisa izindawo zokunisela kubalwa kuyo izindawo zokwenza umkhiqizo (isib. ama-pump house neziteshi, ukubhalansiswa

kwamadamu, nezindawo zokugcina amanzi, ukuthuthwa kwamapayipi kanye nempahla yokunisela ehlukeneyo). Loluxhaso luzobhekelela nomsebenzi owenziwa ngemuva kokulima (isib, izinhlelo zokunakekela umhlabathi namanzi, ama-drainage system, izindawo zokugcina izitshalo, izindawo zokugcina imishini yokuwisa izitshalo nezindawo zamahhovisi okusetshenzelwa kuwo).

Ukulungiswa kwezakhiwo ikhona okubekwe phambili njengoba kubekelwe imali engaphezulu kuka R58 million, uxhaso oluzonikezwa abalimi ngemuva kokwenza umkhiqizo lona lubekwe endaweni yesibili ngokubaluleka njengoba kukhishwe imali edlule kancane ku R17 million.

Ukulungiswa kwezakhiwo zokunisela kuzobandakanya lokhu okulandelayo:

- Ukwakhiwa kabusha nokuthuthukiswa kwama-pump house nezinye izakhiwo zamaphampu.
- Ukwakhiwa kabusha kwamaphampu ukuze kuncishiswe ama-transformers ngenhloso yokonga ugesi.
- Ukulungiswa kwamakhebula kagesi ukuze angahlali obala futhi angantshontshwa kalula.
- Ukumiswa kahle nokushintshwa kwamapayipi ukuze amanzi aphume ngendlela efanele.
- Ukufakwa kwama-screen kwi-pump house ukuze kungabi khona umonakalo kumaphampu.
- Ukuthuthukiswa kwezakhiwo zokunisela ukuze amanzi ahambe ngendlela efanele.
- Ukulungiswa kohlelo lokunisela ukuze kuthuthukiswe ingcindezi eya emasimini.
- Ukulungiswa kwamaphampu avuzayo.

Isabelo-zimali sokulungiswa kwendawo yokunisela amaprojekthi ama-SSG aseNkomazi siku **R81 737 645**, okuyimali ezosetshenziswa eminyakeni emithathu (3) kusukela ngo 2022 kuze kushaye u-2025. Lamaprojekthi kubhekwe ukuthi akhe amathuba emisebenzi angaphezulu kuka 600, kusizakale amabhizinisi angu-20 futhi kuthuthukiswe izakhiwo zokunisela nama-sheds amaprojekthi kamoba adlule ku-36 ase-Komati naseMalalane.

LIZWAKELE IZWI LABALIMI BOMOBA KWABASEPHALAMENDE

Abalimi bomoba balethe iziphakamiso ephalamende beziqondise kwi- Parliament's National Council of Provinces (NCOP) becela ukuthi imboni kashukela ithole uxhaso ukuze inqobe izinselelo ebhekene nazo ezingadicilela phansi noma siqede lemboni uma zingalungiswa.

Abamele imboni bavezele izihambeli zasephalamende umthelela omubi we-HPL, Izikhukhula ezinkulu ezibekhona kanye nezinye izinselelo ngesikhathi

kuqhubeka lomhlangano obizwa nge-Taking Parliament to the People (TPTTP) obusingathwe kuGu Sports and Leisure centre e-Port Shepstone KwaZulu-Natali ngomhlaka 15 kuya ku 18 September 2022. I-TPTTP ithathwa njengohlelo oluyingqikithi lwe-NCOP lapho amalungu ephalamende evakashela indawo noma isifunda esithile ukuze abambe izingxoxo namalungu omphakathi ezithinta kakhulu ukulethwa kwezidingo emiphakathini,

okuyinto ethinta abantu bakulelizwe ezindaweni ezahlukene. UMongameli, oNdunankulu, Amasekela oNdunankulu, o-MEC, Izimeya, amasekela ezimeya nezikhulu zikahulumeni zimenywa i-NCOP ukuthi zizophendula imibuzo evela emphakathini. Imboni kashukela ibimelwe iziphathimandla ebezivela emazingeni ahlukene, abalimi kanye nabasebenzi basemasimini kulengqungquthela.

“Silijabulele kakhulu ithuba



lokuthi sethule udaba lwethu simele imboni kashukela kuma MPs kanye noNdunankulu. Isicelo sethu esiphambili esokuthi kunganyuswa intela kashukela (Health Promotion Levy – HPL) okungenani iminyaka emithathu elandelayo futhi kungehliswa umkhawu okhona njengamanje wokwenza eminye imikhiqizo – ngokusebenzisa imigomo ye-master plan – ukuze siqinisekise ukuthi lemboni iyazinza. Siyakujabulela kakhulu ukuthi UFikile

Majola oyiSekela Ndunankulu we-Trade, Industry and Competition uyazibona izinkinga ezibhekene nemboni yethu, ikakhulukazi njengoba evumelene nemibono ekhishwe abalimi nabasebenzi ngomthelela ongemuhle olethwa i-HPL embonini kusukela yathulwa ngo April ka 2018. Kuyasikhuthaza futhi ukumuzwa ethi uzoxhumane ne-National Treasury noMnyango weZempilo ngaloludaba,” kusho uTrix Trikam oyingxenywe ye-SASA

Executive.

UTrikam wengeze ngokuthi: “Asifuni indlela esheshayo yokuphuma kulolubishi. Ngokuhambisana nezinye izimboni ezweni lethu, sicela ithuba lokwenza ushintsho embonini kashukela. Imboni iyaqhubeka nokubhekana nomthelela ongemuhle olethwa i-HPL. Ngemuva kokwethulwa kwe-HPL ngo 2018, imboni isilahlekelwe imali yenzuzo elinganiselwa ku R8 billion. Ngaphezulu kwalokho

lemboni isilahlekelwe imisebenzi engu 10 000 (ngokombiko wocwaningo lwe-NEDLAC) futhi kuphoqekele ukuthi kuvalwe imishini emibili ngenxa ye-HPL eyandise ingcindezi ngokwezimali ovele usukhona kulemboni.”

Itemu lohlelo lwe-TPTTP belithi “Ukubambisana ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi intuthuko ilethwa ngokushesha emiphakathini”. Noma amalungu omphakathi ephakamise izikhalo eziningi, kodwa lomhlangano womphakathi ubugxile kakhulu ezintweni ezifana namanzi, izidingo-nqangi zomphakathi, izikhawo,

izindawo zokuhlala abantu, ezolimo, ukubuyiselwa komhlaba, ukuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya, umnotho nezokuphepha. Lemihlangano yomphakathi ibanjwe kusukela ngomhlaka 15 November 2022 kuya ku 17 November 2022. Usuku lokugcina (18 November 2022) lwe-TPTTP belubekelwe i-NCOP Plenary ethulwe uMongameli uCyril Ramaphosa.

Imiyalezo emqoka edluliswe abamele imboni kube ilena elandelayo:

• Imisebenzi yemboni yezolimo nendlela yokuziphilisa kusengcupheni yokushabalala

• I-HPL iletha izinkinga ezinkulu embonini

• Noma ngabe ikuphi ukunyuka kwi-HPL kuzolimaza imboni

• Ukumiswa iminyaka emithathu kwe-HPL ukuze kubhekwe amathuba okwenza imisebenzi ehlukenene

• Kudingeka ukuzinikela okuphelele kwi-master plan kuzo zonke izinhlobo

• Usizo lwezimali luyadingeka kubalimi abathintekile ngesikhathi sezikhukhula





UNGQONGQOSHE UTHOKO DIDIZA UBAMBE IMBIZO NABALIMI BASEJOZINI

Umpathiswa woMnyango we-Agriculture, Land Reform and Rural Development, uThoko Didiza, ubambe izingxoxo nabalimi baseMkhanyakude njengengxenye yembizo kaNdunankulu ethinta ezolimo nokuphathwa kwezindawo eMjindi Cotton Factory kwaMakhathini Flats, eJozini esifundazweni saKwaZulu-Natali. Inhloso yalembizo bewukuthi uNdunankulu axoxisane nabalimi base North

Coast ngezinsalelo ababhekene nazo njengabalimi. Ezinye zezinsalelo ezilethwe abalimi etafuleni likaNdunankulu kube izinsalelo i-SAFDA nomnyango abazama ukuzilungisa njengamanje. Zime kanje izinsalelo nezingqinamba eziphakamiswe abalimi ngesikhathi kuqhubeka lembizo:

Umshini kaShukela

Umshini kashukela obudingeka

kakhulu KwaMakhathini. I-SAFDA icele usizo lwezimali kwi-DALRRD okube imali engu R8 million ukuze kwenziwe ucwaningo ngendawo ebizwa nge-Integrated Hub/Mill ezokhiqiza ushukela, i-ethanol, ugesi nokudla kwemfuyo ezokwakhiwa KwaMakhathini okuyindawo ezoletsa intuthuko ngokwenhlalomonotho kulendawo ebalwa njengezinye ezihlwempu esifundazweni saKwaZulu-



Natali. Lesiphakamiso sithulwe ku NLACC nalapho sagunyazwa khona, eminye imininingwane izophothulwa ngokushintshwa kwe - D A L R R D / S A F D A Service Level Agreement. Inhloso enkulu yale-mill yakwaMakhathini ukwakha indawo ezokwazi ukusiza imboni kamoba yonkana ezindaweni zakwaMakhathini, eJozini, nasezindaweni zaseMkhuze.

Ukulungiswa kwendawo kakotini yakwaMakhathini

Indawo eyaziwange-Makhathini Cotton Ginnery iyona kuphela okungathiwa inikeza abalimi abasathuthuka imakethe kakotini kulesifunda. Ukotini omningi kulendawo ukhiqizwa ngaphandle kokuniselwa.

Ukotini eminye yemikhiqizo eyidlanzana ekhishwa kulendawo ethathwa

njengeyomile futhi iwona kuphela onemakethe ezinzile.

Izinsalelo – Imishini ye-ginning isimidala kakhulu njengoba yakhiwa ngeminyaka yama 1960s. Ukuguga kwalemishini ye-ginnery kuholela ekutheni umsebenzi ungenzeki kahle futhi kuchitheka isikhathi. Lemishini efike kulendawo ngo 2001. Phambilini, ukotini ubudayiselwa ama-agent asendaweni mese umsebenzi

uqhutshezwa kwezinye izindawo. Izindleko zokuthutha impahla nengcindezi yasezimakethe yenza kubenzima ukuthutha imbewu futhi kwandise izindleko. Lendawo yathengwa i-Department of Agriculture, Forestry and Fisheries ngonyaka ka 2010 ngemuva kokuvalwa i-Land Bank ngo 2008 ngenxa yokushoda kwezimali.

Umehluko ozokwenzeka – Le-plant entsha izoletha ukuzinza kulendawo okuyinto ebalulekile uma i-plant yokwenza umsebenzi we-ginning izosebenza ngendlela futhi enenzuzo. Le-plant entsha izokwazi nokubuyekeza i-lit futhi igcine ikhwalithi, ithuthukise izitshalo nomkhiqizo okuzokwenza ibhizinisi lonkana lithuthuke. Le-plant entsha kulindeleke ukuthi isebenzise amandla kagesi amancane kakhulu kunakuqala ngoba ukwakhiwa kwayo kubhekelela lesidingo, kanye nokusebenza kwezintambo zikagesi nemishini.

EzinyeizingqinambaezavezwaabalimibaseMkhanyakude kubalwa kuzo ukukhiqiza izitshalo zokudla, izithelo kanye nokunye ukudla, umkhiqizo wenyama ebomvu kanye nokushoda kwamanzi.



KUBUNGAZWE UKUSUNGULWA KWE-BLACK AGRICULTURAL COMMODITIES FEDERATION



Abakhiqizi abaphambili bezimpahla zolimo basungule umfelandawonye wokuqala obizwa nge-Black Agricultural Commodities Federation (BACF). Abakhiqizi abahlukene bakulemboni yezolimo bahlanganile basungula lomfelandawonye wabo ozolwela bonke abalimi abangamalungu ukuthi babenezwi nesithunzi futhi kubonakale imisebenzi yabo, umlimi ngamunye kanye nesithunzi sabo beyinhlanganyela. Lomfelandawonye uyisiqalo sobumbano lomphakathi oluzoletha ushintsho neqiniso kwinhlalakahle, ngokomthetho, ngokwemvelonangokomnotho. Izinhlaka eziyingxenyeyalomfelandawonye kubalwa kuzo i-African Game Ranchers Association (AGRA), i-African

Poultry Producers (APP), abe-Deciduous Fruit Development Chamber (DFDC), i-National Emergent Red Meat Producers Organisation (NERPO), inhlango ye-South African Farmers Development Association (SAFDA), abe-South African Grain Farmers Association (SAGRA) ne-Livestock Stock Wealth (LSW.)

Injongo ye-BACF ukusiza ososeshini nezinye izinhlango ezenza imikhiqizo yezolimo zihlomule ngokubambisana nabalimi nabakhiqizi abakulomkhakha, lapho bezohlela khona izinhlaka ezingahlelekile njengamanje, abalimi nabakhiqizi ukuze zizinze zibe namandla ngokwazo; lapho lomfelandawonye uzomela ukusizwa kwalezinhlaka,

futhi uqinisekise ukuvikelwa nokuthuthukiswa kwazo.

Lomfelandawonye ubambe i-workshop yezinsuku ezimbili ebihambisana nenkomfa yabezindaba ngosuku lokugcina, lapho kwethulwe khona lomfelandawonye ngo kusemthethweni. Lenkomfa ibanjelwe emahhovisi e-NERPO asePitoli. Ngesikhathi kuqhubeka inkomfa yabezindaba, uSihlalo walomfelandawonye osanda kukhethwa, uLindiwe Hlubi, ukhulume ngenkulu intshisakalo nokujabula ukuthi ushintsho beludingeka kakhulu emkhakheni wezolimo. "Inhloso ye-Black Agricultural Commodities Federation ukubona umnotho wemboni yezolimo uzinza, uthuthuka futhi ushintsha. Sithathe igxathu

nendlela yokusebenza ehlukile ezogxila kwi-commodity okuzoqinisekisa ukuthi lomfelandawonye ngezinsiza-kusebenza ezahlukene uyakwazi ukwakha abalimi abavela emazingeni ahlukene nezinhlaka ezizodlala indima eziletha ushintsho lwangempela kulomkhakha,” kusho uHlubi. Ikomidi eliphezulu le-BACF lizoma kanje:

- **USihlalo: Ms Lindiwe Hlubi (SAFDA commodity)**
- **USEkela Sihlalo: Mike Gcabo (AGRA commodity)**
- **I-Chief Executive Officer: Dr Moshe Swartz**

